

Kwezamalungelo ngomhlaba kwelakithi namuhla
nguDkt uBheni wakwaKhumalo ©



Amaphuzu esiwethula emphakathini:

1. Izindlela ayehlelwa ngazo **amalungelo namagunya okwakha nokusebenza ngomhlaba** ezikhathini eziphambili, bengakafiki abamhlophe kuleli, zisengaba yisibonelo nanamuhla.
2. Le nqubo yokuhlela amalungelo namagunya okwakha nokusebenza ngomhlaba ngokuthengisa nokuthengiselana iphambene **nomthetho othi ababusi bezwe abakhuthalele njalo ukwenelisa umphakathi ngokudla** njengokuyilungelo labo.
3. Zidingeka impela zindlela zokuhlela amalungelo namagunya okwakha nokusebenza ngomhlaba ezivumayo ukuthi ezimweni ezithile ezihlelelwe emthethweni **abathile bephucwe** amalungelo namagunya abanawo okusebenzisa umhlaba.
4. Singaba ngcono isimo salabo okwamanje abangenamhlaba uma kuthi labo abaqalayo ukuba ngabalimi bona nezinhlango zabo **belekelelwe ngokuzwakalayo besacathula nezaba abazizamayo zokukhiqiza okudliwayo zixhaswe kabanzi nangokucabangela ikusasa.**
5. **Amacebo nemibono kanye nezinkonondo ezivela kwabadinga umhlaba** nasezinhlangozweni zabo kuyadingeka kakhulu kanti futhi kuyesweleka emzamweni oneso elibanzi nangekusasa ekwehlukaniselaneni nasekwabelaneni amalungelo namagunya okwakha nokusebenza ngomhlaba.
6. Indlela yokuhlela amalungelo namagunya okwakha nokusebenza ngomhlaba ebizwa ngokuthi **ngeyoThingo lweNkosazana** esebenzisa izibonelo ezivela ezindleleni okwakuqhutshwa ngazo ezikhathini eziphambili, abamhlophe bengakafiki kuleli, iwulungele kahle kakhulu umphakathi osusezikhathini zombuso weningi nasekuhlalisaneni ngoxolo.

© Amaphuzu enkulumweni kaDkt uBheni wakwaKhumalo [Dr Ben Khumalo-Seegelken]:

["Großgrundbesitz, Landreform und Perspektiven einer nachhaltigen Entwicklung in Südafrika"](#)
enkundleni yemibono namacebo kwezomnotho [Ringvorlesung "Post-Wachstumsökonomie"](#)
eNyuvesi iCarl-von-Ossietsky eOldenburg/eJalimane, endlini uA1-0-008,
nezethameli ezivela ezimpikweni ezahlukene zolwazi kanye nezivakashi
ngoLwesithathu, zingama27 kuMeyi 2009, ngo6 kusihlwa.

<http://www.benkhumalo-seegelken.de/wissen.html>